



## agriculture & rural development

Department:  
agriculture  
& rural development  
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

Communication Services

Isolezwe lango mgqibelo

Page 16

22 September 2018

16

SIMAMA OPERATION SUKUMA SAKHE NEWS • ISSUE: 222 • AUGUST 2018

# UKUTSHALWA KWEZIHLEHLA ZE-MACADEMIA NUT KUNGASE KUSIMAMISE UMNOTHO WESIFUNDAZWE

SIMPHIWE NDWANDWE

**U**KUQUBUKA kwabalimi abamnyama emkhakheni wokutshalwa kwe-macademia nut sekuvuse ilukuluku nakwabanye abalimi abagxile kumoba ukuthi bajoyine nabo ekutshaleni lo mkhiziqo owenza ezibukwayo ezimakethe zomhlaba.

Okwenza ukuthi i-macademia nut ihambe phambili ngokwenza inzuzo ukuthi yenza imkhiziqo eminingi ehlanganisa amakinati adwayo, amafutha okugoba enza isikhumba sibe bushelelezi nezinye izinto eziningi.

Ingungquthela ebizwa ngokuthi yi-Subtrop Transformation Summit ebiseThekwini emasantweni edule abantu abaningi ibavule amehlo mayelana nalo mkhiziqo odayiswa emazweni aphestheya.

Kule ngungquthela ebihlelwe ngabakwa-National Agricultural Marketing Council (Namac) bekukhona abatsali balo mkhiziqo abaphuma eLimpopo, KwaZulu-Natal, Eastern Cape naseMpumalanga bezocobelelana ngolwazi ngamethuba nangolwazi olusebenzayo ukukhuphula lo mkhiziqo.

Bekudingidwa ngemkhiziqo evuma ezindaweni ezibizwa ngokuthi zii-Subtrop ezinomswakama futhi ezifudumele.

Isifundazwe saKwaZulu-Natal sesingasesibili silandela iMpumalanga ngokutshalwa kwalama kinati akha imkhiziqo eminingi enhlobonhlobo kanti kunenise abantu besifazane



Lesi ngesinye sezihlela ze-macademia nut esilitha enkulu inzuzo ezimakethe zomhlaba

ekutshalweni kwalolu hlobo lwesilshalo. Lama kinati enza ezibukwayo ngenzuzo ezimakethe zomhlaba kanti asethanda ukungenisa kubalimi baKwaZulu-Natal ngaphambili abebegxile ekutshaleni umoba.

Ezinye izishalo ezilinywa ezindaweni ezingame-subtrop kungabalwa kuzo i-avocado i-tishi no-mango. Izikhulumi ezehlukene zenze izethulo mayelana nemkhiziqo eyehlukene kule ngungquthela ikakhulukazi

emkhiziqweni we-avocado njengoba nayo inemkhiziqo eyehlukene engaphansi kwayo. UNgongqoshe wolMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natal, uMnuz Thamba

Mthembu, utha kuyakhuthaza ukubona abesifazane bengenisa kulo mkhaka.

Uthe kumele umkhaka wezimo uvulelekelele nakubalimi ababencishwe amathuba ukuze kuhlomule uwonkewonke ngaphansi kwalo mkhaka.

Ube esebongela lebo asebenjenile kulo mkhaka wabanxusa ukuthi bazibambe ziqine ukuze befake igxalaba ekuthuthukisweni komnotho wezindawo zasemakhaya.

Kube khona nezinkulmo mpikiswano kule ngungquthela mayelana nezindlela okunganikezwa ngazo amathuba abalimi abasafutusa.

Angu-17 7 00 amahektha okutshale kuwo ama-macademia nut ezweni lonke kanti esifundazweni iMpumalanga okuyisona esihamba phambili angu-7 200 bese kuthi KwaZulu-Natali kube ngamahektha angu-6 300.

Zonke lezi zibalo ngezika-2017 kanti ziyizinkomba zokudondolobala kwalesi silshalo muva nje.

Kubhekeke ukuthi ngo-2025 abatsali be-macademia nut babe sebetshala amahlektha angu-20 000 okukhiziqwa kuwo amakinati ngendlela yebhizinisi elizimele futhi elisimameyo.